History of the Chunu tribe in times of Phakade. K13/21 [1b]

8503 (37) K/3/21 F. Vilakazi 73

1. Amaqhawe asemachunwini.

uQudeni ka Dlayisa ka Phakade. uMacingwana, wazala uPhakade. uPhakade wazala uDlayisa, uDlayisa wazala uQudeni, uQudeni wazala uNdaба Mcunu. Amachunu nakwazulu ayekhona, uMacingwana waбaleka kwazulu. Kuthena ukufa kuka Macingwana uPhakade wase uyaбuya ondini, waze wakha ngaphesheya khothukela. Wayeseбuya kwaZulu naye futhi waбaleka. Kuthena ukufika kwakhe uTukela wahlangana nezizwe eziningi. Kuthena ukufika kwakhe eManyiseni wafumana aбakwa Dlamini kwa Latha. Kwathi ukuбa бezwe ngo Phakade, ngoбa бemuzwa nokwazulu ukuthi wayeyisiloma, бабaleka бabeka eQudeni intaба ngase nguбevu.

2. Uthena uma eбalandela uPhakade, efuna izinkomo akaбe asaбafumana. Nezinkomo wahamba esethola imthonselana yezinkomo ukuбuya kwamaбutho akhe uPhakade. Kwathi empini yamalala yokuqala uthuma uDlayisa ukuбa ahambe nempi ahlasele uNgotshane inkosi yase maбeleni. Yadumelana khona othulini, enzansi ngase Thembeni. Kuthena ukuбa idumelane eyaMachunu yayingaphelele. Kwathi ukudumelana yahlehla eyaMachunu. Nezulu lalina linezinkungu ehlanzeni. Kwafumaniseka ukuthi aMalala ayazazi izindawo zokuthube leza umaбelwa. Kwathi indodana ka Dlayisa, uQudeni yadumela ihamba ngehlanzana. Lapho ngoбa kwakuntambama kuthiwa yawisa ucaca laMalala phansi.

3. Kuthena ukuбa aбone ukuthi manjena aMalala aбaholela emuhomeni eqode eMhlazane. Wase uyahamba uyaбaleka kwathi nehlanzana ayehamba nalo lakhumuka. Likhumukanjena aMalala awasekho. Kanti ~~x~~ nanka esaбevelela ngemuva. Seyidumelana futhi yahlehla eyaMalala. Seyiбuya eyase Machunwini isiбuya isho iziga. Kwathi nalena esalele ngomuva eбihamba noDlayisa yahlangana sekuluvalele isidla izinkomo izithumba ibeke nazo emuva ku Phakade eMhlangane. Seбemutshena ukuthi aMalala anezindawo eziningi zokuthuбeleza. Futhi ukulwa kwawo alwa nangemiciбisholo. Neбala aбaningi бабuya бenezingozi zemiciбisholo. Futhi kuneziбiбa ezidliwa amalala.

4. Uthena ukuбona loku uPhakade wathi kuhle azunywe aMalala Kwathi u~~Memi Dumakude~~ ngokuбa afike kuyena naбantu aбaningi evela /ngaphesheya.................

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s503

ngaphesheya kweMpofana ukuyela eTshekane. Waye azana uNgotshana noMumemi. Usethumela uPhakade ku Ngotshane ukuthi akamuxolele, kuhle 6ahlalisane. Usefike ne6ala uMemi uyawethula um6iko ka Phakade. uNgotshane wathi kuhle uPhakade a6uyise izinkomo zakhe ezadliwa ama6utho. Kuthena u6a akuzwe loku uPhakade usecela iswezinduneni zakhe. uMfula noMmemi kwathola kala isuloku6a azunywe uNgotshana. Ne6ala kwathunyelwa uMfoka Ndowonde uku6a ayenga uNgotshana amu6ulale. Nempiyayilele ngemuva komuzi ka Ngotshana.

5. Kuthena uku6a amachunu amu6ulale uNgotshana, anquma ikhanda lakhe alitwala ukuyokhombisa inkosi ukuthi ngempela amu6ulele uNgotshane, ashisa nomuzi wakhe. Kuthiwa izulu laphendula khonaloko lakhiza kakhulu impela. Kwathi amalala ethi ayalwa kwafumaniseka ukuthi aMachunu awazumile, futhi nenkosi yawo aMalala yayeseyifile. A6aleka agcwala izinta6a konke emhlazene abeka kwelase ngome. Phela uPhakade, wayenomuthetho ka Tshaka wakwaZulu. Wayengafuni enye inkosi i6use eduzane naye. Wayefuna uku6a ku6a uyena inkosi kuphela ngaphesheya ko Tukela. NoMmemi wa6ona loko ukuthi amachunu anochuku azomuhlasela kanti naye u6ezicashele wayesekhonza kuwona.

6. Ukusindakwakhe uMmemi. Uku6a noNgotshana Mbele wahamba wayokhona nga6e wasinda. Kuthena ngempi ya6aThembu naMachunu. Ngempi ka Ngoza no Phakade a6a Thembu 6efuna ukuwela uthukela 6eze nganeno ala amachunu. Impilena. Useyipha impi uPhakade, uyiphaka uyiqondisa phesheya kothukela kanti naye uNgoza usemulindele uPhakade uNgoza wayeweza kuqala eyakhe impi, kuthena amachunu eza kanti aseziphonsa phezukwakhe uNgoza efukeme. Impi yaMachunu yayingewona umuzila owodwa. Kwathi lena e6i hamba noMemi yaziphonsa phezukwa6a Thembu. 6ayidumela lapho enzansi nase manyiseni nganeno kuthukela. 6ayihla6a yahlehla impela eyamachunu. Kwafa izinsizwa eziningi. Kuthiwa umfoka Dumakude

7. wagwaza waze waphenduka uhlanya. Kuthena kanti amachunu a6ese6aleka a6uya. Phokwa6a aziphonsile. Kwathi a6aThembu se6emudumele impela uNonda6uli Dumakude, engasa6onakali

MEM /wawashayanisa.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wawashayanisa ngezinhloko amaThembu wayephuma qede wayehla6ana. Walalisa izinsizwa ezinhlanu phansi lapho ezaziwayo. uHlafuna Ma6aso, no Ndatshana Mthembu, amaqhawe ka Ngoza. Kuthena uku6a aphume 6amu6one 6amudumelafuthi. Kuthe 6ethi 6amuphethe alaphe amachunu. Waphunyula futhi kodwa waphunyula nomukhonto esigijima nawo esefikile amaThembu. A6aleka amachunu kuthena ekuseni yadumelanafuthi, isidumelana nalena ehamba noDlayisa wenkosi.

8. Kuthena uku6a ezwe noDlayisa ukuthi kulikhuni yakhumuka yayothathisa kahle manjena. Seyihlangana eka Dlayisa 6enoMmemi kuthi lena ka Dlayisa yaqamuka ngaphambili eka Mmemi yangena ngomuva. Kwathi ngalelo lisu 6ayahlukanisa ka6ili neya6a Thembu. Phela uMmemi lona uNonda6uli oyena wayeyinceku ka Cetshwayo kwazulu. Wayeyiqawe nakwazulu. Kuthena noma ese6aleka kwazulu wa6aleka na6antu a6aningi, okuthena uku6a awele uthukela wakhana6o. Kuthena ukufika kukaPhakade, wase uyokhonzanga6o la6o 6antu kuPhakade. uPhakade wamazi uNonda6uli nokuthi uyiqhawe. Wayesemuqhamba igama wathi uMmemi. Kuthena uku6a ida6uke phakathi eya6a Thembu kwawuku 6aleka kwayo.

9. Kuthena uku6a 6afike ekhaya 6ayilandisa inkosi ukuthi kuliwe kanjena. uMmemi wahla6ana kanjena inkosi yathokoza. Isimunika induna yomuziwakhe yamunika uZuca Dladla. Kwa6ayisilomo futhi uNonda6ula kwelase Machunwini. Kuze ku6enamhlanjena inzalo kaNonda6uli iyaziwa futhi kuvamise amaqhawe, oNhle6o noMajo6a, noLuthango, noMxapho. Namhlanjena isigodi sakwa Dumakude asehlulwa sigodi zizonke ezasemachunwini zingaka. Futhi sikhulu lesisigodi kunezinye izigodi yisona uPhakade asinqumela uMmemi Dumakude. Kuthena uDlayisi indodana yenkosi uPhakade yona yanqunyelwa ngapesheya kwe Mphofana. Nayefuthi isigodi sakhe sinamaqhawe inzalo yakhe uDlayisa Onzondo noQudeni.

10. uPhakade e6aleka kwazulu. Impi

Impi yenkosi uCetshwayo yayingekho ekhaya. Wayese6onile ukuthi inkosi izakumu6ulala umntwana kaMacingwana inkosi yaMachunu. Uyeyoxoshisa izinkomo uCetshwayo ufuna ukuyizi6a. Kuthena musukwana exoshisa izinkomo kwamusukwana ehlasele



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

eSwazini Izinyosi noDlambedlu lwalungekho ekhaya. Sezimutshe izinduna ukuthi inkosi ikusongela 6aleka uhambe. Kuthena nga6o lo6o6usuku wayiphaka okaMacingwana yemuka kwaZulu. Kwathi izinkomo wazinika izinyosi uku6a ziziqu6e kuthi zingawela uthukela 6awakhethe amakonyane, yikhona ziyakuzwakala na6anye 6ezwe ukuthi na6alapha 6angakhona. Kwakukhethwa amakonyana ezinkomo ezibonsa kahle. Zithi zingasho zisuse usinga endodeni.

11. Kwathi elinye ihlanzana lezinkomo lahamba nenkosi, linezinkomazi. Kwathi iZimpangele zahamba na6esifazane, nezingane, nezalukazi, namakhihla. La6a 6a6e hamba nenduna enkulu yenkosi uDungane. 6asuka kuqala 6ahamba u6usuku6onke, nemini 6engaphumuli, lathi liyoshona 6a6e wela ngelingendla izi6uko oThukela. 6ase6eyama lapha 6alinda inkosi. Kuthena uku6a ziwele uThukela yezwakala inkomazi kwelingenhla futhi izi6uko isikhonya wezwakala uKhamisa ndlela. Uyayi6ongela uthi:-

Bobobobo khala sithunzana
Uthuthulwendlala
Yithi, yithi, sesifikile.

Sekuzwakala ukuthi naku lapha 6engakhona, sekuthunyelwa u Umawu ukuyo6a 6iza ukuthi naku lapha kumiswe ngakhona. Ne6ala sekuhlanganwa nesifazana nezinyosi.

12. uKhamisa kasalali ngo6a inkosi yayinga6onwa kuthi njalo ingakhala inkomazi a6ongele. Kuthena ngezinkukhu zokuqala kulelo zi6uko a6awelengalo ezwakale uDledle Mcunu ohamba nenkosi.

Uthi, Budle Buhle.
Sawela sesifikile.

Kuthena isikhashana wezwakhala uKhamisa: Bobobobo khala sithunzana,
Uthuthulwendlala,
Yithi, yithi, sesikhona.

Seku6a umuzuzwana usezwakhala u uDledle. Uzwakhala use6onga inkosi,

Wawela, muweli, Phakade wonozidumo,
Menzi ka Phathise, ka Mjokwana!
U 6ide dimathetha ngezinyembezi,

MEM /Sunjengeliko..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Senjengelika yise nda6a
uPhakade ngiyesa6a ukuthi uPhakade
Silo esimnyama sika nda6a,
Inyathi ehamba yengama Amazi6uko'
Uphuza amanzi othukela uNda6a
13. Unjengo Mzingeli, kwa mthuli,
Ozithe6e zidlela a6adala na6ancane,
Oweza omame nezingane kade ukuwela, oka nda6a,
Ommolo ungenandawo yokusolwa,
Omehlo angenandawo yokusolwa,
Owela uthukula kudede izingwenya,
Owela uthukula ngamazi6uko amaningi,
Okamacingwane Phakade,
Owela uthukela ~~[illegible]~~ ngonyezi,
Unda6a, usefikile, Machunu.

Ukuthula kwakheke uDledle. Asehlangana ama6utho kuyona inkosi. Sekudliwa. Phela sasingekho isikhathi sokudla endleleni ngo6a 6ejahe ukuwela uthukela kuqala ade ukudla. 6ayazi ukuthi uzulu uya6alandela. Futhi ukuwela kwangenhla amazi6uko 6enziwa ngo6a kumazi6uko angenzansi kukhena izinhloli ezigadile a6emukayo. Kwangenhla kuyaziwa ukuthi amazimu ayaku6aqeda a6adle.

14. Phela kwakuyingozi enkulu ukuwela umfula ngalezo mini ngo6a kwakugcwele izingwenya. Kodwa kwathi kanti a6antu 6aka Phakade 6awele ngawo amazi6uko ama6i, 6aphumelela. Ngisho nasezinganeni nakumakhehla aphumelela ukuwela. Kuthena uku6a kuqedwe ukudliwa kwase kuyalalwa khona lapho. Kuthena izinyosi zina azalala zabeka izinkomo. Phela uPhakade wa6aleka nezinkomo zenkosi uCetshwayo. Kuthena noma imulandela ayaze yamuthola uPhakade. Kuthena noma isilandela aya6e isamufumana. uPhakade inkosi yamaChunu, yayazi ziwakwazulu. Kuthena uma ~~xxk~~ isihamba yathola a6aningi a6alandela se6ediniwe izimpi zakwazulu. Kuthena uku6a 6amu6one esewele uthukela uPhakade a6afuna ukumulandela nokulwa naye. Se6ephinda emuva. Usenyuka kancane ezi6ukweni uyakwaka eMhlangane.

15. Kuthena uku6a akhe lapho eMhlangana wawuqamba umuziwakhe wathi kuka Guqa, omunye umuziwa6a sezintandaneni. Kwathi a6akwa



MKM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s503

Dladla ngokunga6i nayonkosi 6akhonza ku Phakade. Kwathi na6anye a6asala ku Latha inkosi yakwa Dlamini 6akhonza kuyena uPhakade. Kwathi a6anye 6amachunu a6a6e 6esavuma ukulandela uPhakade se6edinwe ukuhamba. Kwathi uku6a uMacingwane ahamba aye afike ondini a6antu a6aningi 6amachunu 6a6ulawa indlala. Kwathi nezinkomo zantshontshwa amazimo. Umkhuhlane ezinganeni wa6a miningi zafa izingane. Kwathi izinduna zenkosi, uMacingwana ngoku6ona loku zancama wona umkhonto wakwazulu. Kuthena umase6ehla ondini akaphila kahle uMacingwana. Futhi aka6e esazwana nezinduna zakhe na6anye a6antu 6akhe. Kwalapha nendlala iningi impela kakhulu.

16. Usevuma uMacingwana. Kuthena uku6a 6ewuse uthukela, kwamu qinisa ukufa. Kuthena enzansinalo. Wafa uMacingwana. A6anye 6athi wa6ulawa uvalo lomkhonto wakwazulu. Wayazi ukuthi useyo 6ulawa kwazulu manjena. Ngo6a nakuqala wasizwa a6amhlophe ukuze uzulu aphinde emuva. Ukuze a6amhlophe 6amusize wa6acela wa6a6olela izinkomo. Akunye okwangenisa indlala futhi kumachunu yiloko. Usethi angafa u6ukhosi se6uthathwa inkosana yakhe uPhakade. uPhakade usephindela kwazulu ngokulalela ukusho kwamachunu. Sekukhukhulwa njalo sekubekwa kwazulu a6anye a6amange 6esavuma ngokwazi ukuthi se6eyo6ulawa. Izinduna zaphikisana zodwa, kwa fumaniseka ukuthi a6aningi 6athi makuphindwe, khona kwazulu uPhakade naye usevumela la6o ethi mina angixa6anga nozulu no6a6a akazange axa6ane noZulu.

17. Kuthena uku6a afike kwazulu wase uya6ikwa inkosini yakwazulu ukuthi nansi indodana kaMacingwana. Inkosi yakwazulu isizenzisa sengathi ayinanda6a naye sengathi iyamuthokozela. Kwathi uku6a imuxoshise izinkomo ithi makasengelwe adle amasi nenyama, kanti iyamuzi6a. Zamuhle6ela izinduna ukuthi wena uzo6ulawa usuka uhambe impela. Ne6ala uPhakade usehamba futhi kwazulu. Kuthena esehamba yontshontsha izinkomo eziningi kwazulu enzela yona indlala ayi6ona ngokufa kukayise.akamange awulandela umkhondo kayise uthena angawela uTukela wakha uPhakade. uPhakade wathola a6antu a6aningi ngakoke wa6anesi6indi sokulwa nozulu ngaphesheya

MEM

/kothukela................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s503

kothukela. Wathola isizwe esiningi sakwa Dladla. Kanti futhi na6akwazulu a6ahamba naye 6a6a 6aningi. Namhlanjena unga6afumana othuleni ngapheshaya kwe Mpofana.

18. Iziga.

1. Amatonya ayatonyana.
2. Ukwanda kwaliwa umthakathi.
3. Impi yomndeni kayingenwa owezizwe.
4. Akuhlanga lwa lahlana lodwa.
5. Igugu liyadonsiswana
6. Li6unjwa liseva.
7. Indololwana yaxesha umakoti ego6ile.
8. Uzenzile kakhalelwa kukhalelwa ujumekile.
9. Umnzimba uzwiwa umniniwo.
10. Indlovu ihlatshwa a6antu 6oke uku6e iwe.
11. Isoliwela umfula ugcwele.
12. Okuke kwenzeka, kuphinde kwenzeke.
13. Inyoka ayitshaywa isi6ili ikhandalinga 6onwa.
14. Wo! aku6uyiselwa muva.
15. Injo6o enhle ethungelwa e6andla
16. Inhlambi yamanzi imuka namanzi
17. Umlungisi uzithela isisila.
18. Intandane enhle umakhathwa unina.
19. Ukuhamba kuzala induna.
20. Imbilapho ivuna isilonda
21. Zi6anjwa zimaphu.
22. Umtente uhla6a usamila.

19. 23. Ikhotha eyikhothayo.

24. Umhawu usuka esweni uhlale enhliziweni.
25. Isisuso simnandi ngokuphindwa.
26. Akunsimba yazuza imbuzi ngokuhlala.
27. Uyakulitheza ukhuni elinenkumi
28. Umlomo isho6a lokuzivikela.
29. Akumfula ungahlakomi.
30. Isalakutshelwa si6ona ngomopho.
31. Zala6antu ziye6antwini.

MEM

/32. Nongenankomo..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

32. Nongenankomo uyayidla inyama.

33. Guga mzimba salanhliziyo.

34. Injo6o ithungelwa e6andla.

Ukuphicana

Ukuphicana umdlalo wezingane nezalukazi ekhaya kusihlwa. Umazingafuni ukwetha izinganekwane ziwaphicana. Kufuna umqondo kuphela njena.

1. Ngikuphica nga6afana a6a6ili 6axoshwa amakhehla ama6i.
   Example: Amasondo enqola.

2. Ngikuphica ngomuntu wami uhamba hambe aphele umsila endleni
   Example: Inalithi

20. 3. Ngikuphica ngeziphephane ezigcwele izwelonke.
   Example: Izinkanyezi

4. Ngikuphica ngehashi lami elinge6ulawa ukuguga kuphela
   Example: Ihashi

5. Ngikuphica ngehashi lami elinga6ulawa isimdliya kodwa ukuguga
   Example: Ibiyisikili

6. Ngikuphica ngensizwa yami ithwele ojolisaka a6a6ili.
   Example: Umcamo.

7. Ngikuphica ngezinsizwa zami ziwela umfula ugcwele.
   Example: Amehlo.

8. Ngikuphica ngomntanami u6alekela isishiphi sikanina.
   Example: Isibamu.

9. Ngikuphica ngeqhude lami elikhala ngesisila.
   Example: Isiswebu.

10. Ngikuphica ngehashi lami elimuhlophe lithi lingangena esithe6eleni li6e vethifudi ngamanqina.
   Example: Isinkwa

11. Ngikuphica ngezingane zami zithi zinga6ona utisha umazidla zisukume zonke zithi "Good morning teacher"

21. Example: Izimpukane.

Impi ka Ngoza no Phakade.

Impi yesi6ili kaNgoza no Phakade yenziwa amasela, ayentshontsha izinkomo zenkosi uPhakade. Kuthena uku6a uPhakade amehlule



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s503

uNgotshana, amalala aphenduka izigcwelegcwele antshontsha izinkomo zenkosi. Phela kwakwenile impela kakhulu zonke izindawo. Ayenendawo enkulu yokucasha. Uma umuntu ehamba yedwa noma owesifazane ayemu6ulala. Umuntu waye ngeke aphume kwaNyosini kwa Dumakude aze ayofinyelela kwa Nxamalala. Konke lapha kwa Kholo, nakwa Mancengeze kwakwesa6eka kugcwele izinhlwathi nezimamba ikakhulu imamba emunyama, no6ululu, nezimfezi, namavizimanzi. Phoke amalala ayefana namabusumani. Ayenezi6i6a zezinyoka. Kwakuthi nomuntu olunywe inyoka aphumelele ukuthola ilala elisahla-

22. la na6antu. Nezinkomo kusekhona uPhakade zazinokhalo olude zize ziyoshaya entanya naso Mhlangane zisuka kwaDumakude. Kwakuthi nenkomo elahlekile umuntu ayifune izinyanga kanti kwesinye x isikhathi yaduka nezinye izinkomo zeminye imizi. Kwesinye isikhathi athole ngesikhumba sayo. Esezwa nga6antu 6emulayela isikhumba. Kwakufuneka umuntu azisike uphawu izinkomo zakhe, noma izimbuzi, noma amahashi, noma izimvu. Uma umuntu engazisikanga izinkomo zakhe noma izimbuzi zazintshantshwa amasela asekhaya. Kwakuye kuthi uma6eseika eza6o 6ese6eyisika uphawu lwa6o na6o. Noma umuthetho waMachunu kwakufuneka umuntu, amemezele ngenkomo angayazi uma isemuzini wakhe. Futhi kwakufuneka na6afana 6ayigcine. Uma kungatholakali muniniyo umuntu ahamba ayoyi6ika enduneni. Nenduna isizomemezela. Ukwesweleka ukuthi eka6ani isiwe komkhulu.

23. Kwathi ngo6a a6one loku uPhakade wathi akuyofunwa izinkomo zakhe ku6a Thembu. Phela kwakuye kuthi amasela azithathe awele uthukela nazo. Azidlele nase maweni lapha kungavamile ukuhamba muntu. Nanamhlanjena imigede yamasela iyafumanwa phezulu emhlangane. AMachunu achamanga ukuthi zintshontshwa a6aThembu. Ahamba athatha izinkomo za6aThembu. Kwathi ngokwesi6ili a6ona ukuthi izinkomo zithathwe aMachunu. Aqhala ukuzelusa amachunu na6aThembu. Kwathi uma ethi ayaphindela amachunu afumanisa a6aThembu 6ezelusile. 6alwa lapho izinsizwa zi6anga izinkomo A6aleka aMachunu aphinda emuva. Kwathi na6a Thembu uma6e6ona izinkomo zamachunu phezukothukela 6ese6eziweza ngama6omu.

MEM

/Lezonkomo.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s503

Lezonkomo kwaku6a ezenkosi zokulo6ola ama6utho ayo inkosi nezokuhlawula inkosi.

24. Kwathi uma6efumanisa amalala noma amazimu, noma amasela 6awashaye 6awa6ulale. Ngezinye izimini kuphume inqina yokuzingela amasela. Kuthi uma6efumanisa a6aThembu 6e6ancane 6elusile 6a6ashaye 6ashiye izinkomo zaku6o. Sekuzophuma impi ilande izinkomo zenkosi. Yaze yahlomelana ayamachunu na6a Thembu. Kuthena musukwana izodumelana kwathunywa ihlanzana lezinsizwa uku6a liyothatha izinkomo zamaThembu. Kuthena uku6a a6aThembu 6a6ona ukuthi nanka amachunu esefikile yadumelana. Yalwa yaloku igcwala eya6a Thembu. Kwaze kwayimpi enkulu impela. Kuthena umaseliyoshona yezwa khala eya machunu ishaya izimpondo. Kwathi na6akude 6ayi6ona impi idla izinkomo zenkosi. Seyisuka eya6a Thembu impi. Yahlangana phezukothukela lapho yayithulise khona ngaphesheya kothukela. Yadume lana lishona ilanga kwazekwasa.

25. Kuthena uDledle uku6a afe ngasophondweni lesokudla lago6a elamachunu. uDledle kwakuyi Mbongi yenkosi uPhakade. Kuthena ngokugo6a kwalo elasokudla ayeqoqa eyamachunu. Kuthena ukudumelana kwayo sekubeje enzansi yawela eyamachunu. Iwela ngomkhonto. Maningi amachunu aphela lapho. uDledle wafa sekuzokusa esesele yedwa ngosohla ngothini lwasokudla. Wafa esezenzelenaye. 6aningi a6afa. Kuthena noma isiphonseka othukela eyamachunu ngakwesokudla yayigo6a futhi eya6a Thembu ngakwesokunene. Noko yehlulwa eyamakholwa i6utho lenkosi uPhakade. Kwa6a enkulu impi ngo6a yayikade yaqalana ifunana. Kuthena uma iwele ya6ambelela ngaphesheya. Kwathi amachunu afa kakhulu kuna6a Thembu. Kwathi umaliyo shona aqala ukushisa imizi a6aThembu. Ngoku6ona loku uDlayisa wenkosi wayisusa ngokunye.

26. Ayidumelanga kanye kanye yashaya umukhumbi. Kuthena uku6a a6a Thembu 6ezwe ukuthi amachunu aseze ngekani manjena 6ahlehla. Yayichitha eyamachunu ku6aleka eya6a Thembu. Kwathi yonke imizi ephuzu kothukela yashayonke. Kuze ku6enamhlanjena amachunu asuka eduzane nothukela. Kwangathi izinkomo zenkosi ya6aThembu ziyasinda ekuntshontshweni. Kodwa izimpi ezincane aziphelanga kwa6e loku zikhona njalo. Emvakwalempi, kwa6akhona indlala enkulu

/futhi......................

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

futhi kumachunu. Amachunu antshontshelana wodwa izinkomo. Kwathi uNgoza ngoku6ona loku wase exoshisa inkosi yamacunu izinkomo zoku6a isinge. Namasaka akudla uku6a kudliwe ngaleyondlala. Kwathi uPhakade wa6onga kakhulu ku Ngoza. Inkosi uPhakade yamuganisela uDelenimcunu intombi enhle yase machunwini.

27. Kuthena emvakwa lempi 6athandana uNgoza noPhakade. Kuthe ngempi yaMangesi noZulu 6ahlangana uPhakade 6enongoza 6elekelela a6amhlophe. Kwathi eyaMacunu yahamba nowenkosi ethunywe uyise uPhakade. Kwahamba uGa6angaye. Kuthena uku6a idumelane eya6elungu nozulu eSandlwana, yehlulwa eya6amhlophe yehlulwa uzulu. Kuthena a6aThembu uku6a 6a6one loku ukuthi uzulu ubokile 6a6aleka 6a6uye. Kuthena uku6a a6ase 6aThenjini 6a6one loku 6ayi tshena inkosi uGa6angaye ukuthi kuhle a6uye uzulu ubokile. Akavumanga uGa6angaye wathi ngisafuna uku6ona uku6amba kwembungulu. Wayesho i6utho lakhe laMachunu ayelinikwe nguyise uPhakade ngo6a elithembile. Phela uzulu wayewahlalise ka6i amachunu. Kuthena uku6a asale uGa6angaye uzulu waqotha imbokodo nesisekela. Wafela lapho uGa6angane ka Phakade.

28. Kuthena uku6a ezwe uPhakade ukuthi uGa6angaye akasekho aka6esaphila uyise uPhakade. Kuthena uku6a uzulu ehlule eSanhlwana wafuna uku6uyela amachunu. Kutheneke uku6a uPhakade ezweloku wa6anovalo njalo. Kwathi nomkhuhlane wamuthola elula. Wafanjengo-yise uMacingwana. Naye wafangako ukwesa6a ukuphindela kaZulu. uGa6angaye ayemazisa amachunu. Wayeliqhawe, wayi yisoka futhi eligagu nasekucineni uyise wayemethemba emuthanda namachunu wonke ayemuthanda uGa6angaye. Uyise nezindunazizingavumanga uku6a ahambe Phoke wa6anenkani uku6a ahlale. Uyise wamunika i6utho elinamandla eliyintanga yakhe uGa6angaye. Wayesekhipha uDledle ukuze abasobe umntwana yenake uGa6angaye. Ukuze uGa6angaye afe kwenziwa ngo6a impi yakwa Zulu yayinga6onakali.

29. Kuthena 6esali6ele uku6uka uku6ambana kwayo, kanti uNtunga Zulu owa6aleka naye uPhakade musukwana e6aleka kwazulu. Uyenafuthi uNtunga owahle6ela uPhakade ukuthi inkosi ifuna ukumu6ulala. Kuthena noma esehamba kwangathi x uzosiza yena uGa6angaye. Yena

MEM /uNtunga..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s503

uNtunga wayeyinyanga. Nempi yenkosi yayicelwa uyena uma iphuma. Uyenana owafihla uGa6angane 6eno Dledle uku6a a6one ukuthi impi yakwazulu ibokile manjena. Uyena futhi owayekohlisa uGa6angaye ukuthi imbungulu ibokile kanti uyamuli6azisa umuli6azisela umukhonto wakwazulu. Kuthena noma uDledle efuna ukuthi kuhle na6o 6a6eso6ala lapha 6ezoyi6ona khona impi akavumanga wathi konke 6azokuzwa ngaye. Ne6ala 6ahlala 6elindele yena. Kuthena ekugcineni kwa6onakala eqhamuka neviyo lamadoda akaZulu. Kuthe uku6a 6amu6one ukuthi uyimpi a6a6e 6esa6uza.

30. uDledle waqala ngaye uNtunga wamuwisa phansi. Kuthena uku6a awe uNtunga. 6amudumela uDledle. Udunyelwa uzulu 6a6e 6aya-mugwaza wawuyafa khona lapho. Kwathi na6anye a6a6e noDledle noGa6angaye 6athi 6ayayilwa akwa6e kusasizalutho. Ya6afaka phakathi eyakwaZulu. noGa6angaye walwa wawa namadoda ama6ili. Kwa6a ukufa kuka Ga6angaye 6eno Dledle no Ntunga. uNtunga waye ngenaye umfazi. Kuthena uku6a uPhakade a6one loku wa6akhipha a6akwa Zulu wa6ayisa khona othulini lwezulu ngapheshya kwampofana. Kwathi ngokwesa6a a6akwa Dumakude wa6akhisa phezu kwempofana nganeno kwayo. Kwathi a6akwa Nxamalala kwaNxele 6akha enzansi ngase manyiseno. Kwathi phezulu emhlangana kwakha Amacunwodwa. Kuthena ngokwa6a kwakhe kanjalo wayese khipha uDlayisa wamakhisa ngapheshya lewempofana uku6a a6eyinkosi

31. ya6akwaZulu a6akhe othulini lwezulu. Wamuhambisa nehlanzana lamacunu. Kuthena ngaphezulu emhlangana kwasala uSilwane. Nanamhlanjena kusenjengo6a uPhakade a6a izindawo. uPhakade wa6ona u6u6i o6enziwa uNtunga waca6anga ukuthi mhlambe zonke leziizizwe zimimethe u6u6i. A6akwa Zuma wa6akhisa ngase Themmbeni. A6akwa Dladla esi Mmumu namhlanjena kusenjalo. uPhakade wa6ayala ukuthi inceku kufuneka ku6e owase Macunwini. Nanamhlanjena kunjalo. Izinduna zodwa ngo6a kwathi kwa6aka Zuma na6akwa Nxele wa6a6ekela uSomsewu Zuma. Kwathi a6akwa Dumakude wa6a6ekela uMmeme Dumakude Kwathi a6akwa Shezi wa6a6ekela uSotshangane Dumakude. Zonke ezinduna 6ezihlangana kathathu inyanga iyinye komukhulu ukulungisa

32. izinda6a zezwe lase Machunwini. Naleyonduna i6iza nezikhalo zayo nezesegodi ekuso induna ithwale nomu6iko ovela komkhulu. Kuthena

MEM /ngempi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21 13*

s503

32/ con't ngempi yezindela namathela mali, esefile uDlayise sekuyi ndodana yakhe uMkwenyana a6amuhlophe 6enqa6a ukuthi ku6e a6ase macunwini ngo6a 6onamu6ango. Kwathi uMkwenyana wakhishwa esikhundleni so6ukhosi, kwa6ekwa uHlathi Shezi uku6a a6eyinkosi kwelase Tshekane. Kwathi nezinduna zase machunwini zakhishwa kwasala ezezinye izi6ongo. Kuthena uku6a 6a6one ukuthi amacunu kuwaphatha ka6i loku uku6a akhishwe ezikundleni. 6a6uye 6awaphindisa ezikundleni kwathi umkwenyana aka6a sephindiswa esikhundleni kwase kufakwa uMkhali. Uyenake uMkhali usa6ambile namanjena. Kuwumuthetho ka Phakade ukuthi a6ezizwe 6anganikwa izikhundla ezinkulu ngo6a 6angenisa izitha. Nenceku ka Bulawayo eyase Machunwini.

END 503.

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.